SUNDAY TIMES (Zulu), Ezemidlalo
16 Oct 2011, p.25




UNDIZELA PHEZULU: UBongiwe Msomi oklonyeliswe ngendondo ye2001 Sports Woman of the Year eDurban University of Technology kuleli sonto Isithombe: GETTY IMAGES

# Kuyamsebenzela ukuzikhandla uBoh

LUNGA NTULI

UVELE wehluleka nakuwukuzibamba umdlali webhola lomnqakiswano, uBongiwe Msomi, wavele wazidedela izinyembezi ngesikhathi isikhungo semfundo ephakeme afunda kuso, iDurban University of Technology, simklomelisa ngempumelelo yakhe kwezemidlalo.

Uklonyeliswe ngendondo yokuba ngumdlali wesifazane ovelele, iSports Woman of the Year kulesi sikhungo emcimbini obungoLwesithathu ebusuku.

UBoh, okuyigama eteketiswa ngalo le ntokazi esencane, uphinde wezwa nezindaba zokuthi uqokiwe eqenjini lesizwe, iSpar Proteas, elizodlala imidlalo yobungani neMalawi e-Australia kuleli sonto.

Cishe okwenze wathola lo mklomelo yigalelo lakhe ngesikhathi edlalela iProteas emqhudelwaneni weWorld Championships eSingapore ekuqaleni kwalo nyaka.

Ekhuluma kulo mcimbi obuhanjelwe nayimenenja yeProteas, uMarchelle Maroun, wexwayise abakulo mdlalo kodwa abangafuni ukuzimisela.

"Ngifisa ukubonga kakhulu kubona bonke abantu ababambe iqhaza empumelelweni yami. I-DUT, ozakwethu engidlala nabo, bese ngizibonga nami ngokusebenza kanzima.

"Ngiyafisa ukunitshela ukuthi ayikho into ehlula ukuzikhandla uma ufuna ukuphumelela," kusho yena.

UBoh uzobhekisa amabombo e-Australia namuhla ebusuku nalapho bezodlala emqhudelwaneni obizwa ngeHolden Test Series ehlanganisa i-Australia neNew Zealand.

Ngokusho kukaMaroun, elakuleli nelaseMalawi bamenywe kulo mqhudelwano ukuthi bazodlala umdlalo owandulela omkhulukazi ozobe uphakathi kwe-Australia neNew Zealand.

Ukuphinde abizwe kuleli qembu kumjabulise kakhulu uBoh kwazise ubengekho kwebelidlala kuma-All Africa Games ngenxa yomsebenzi wesikole.

"Kuyintokozo kakhulu kimina ukuthi ngiphinde ngithole ithuba elifana naleli lokuthi ngimele izwe ilami.

"Ukubizelwa eqenjini lesizwe okwesibili akuyona into kanoma ngubani kanti ngifuna ukuqinisekisa ukuthi amathuba engiwatholayo angidlali ngawo," kusho uBoh.

Nakuba ebematasa ezama ukwenza nomsebenzi wesikole kodwa ubengazibekile phansi njengoba ebeqhubeka nokuzilolonga.

"Ngibukeka ngikulungele ukudlala futhi ngingasho ngithi ngingumqemane manje. Izinto engicabanga ukuthi kumele ngithintithe kuzo ukunyusa isivinini sami, bese ngizama ukujwayela ukukhululeka.

"Kuyathusa kakhulu uma uyodlala endaweni ongayazi kanti lokho kwenza ube namaphutha.

"Ngifuna ukuqhubeka futhi ngizimisele ngoba kuningi abantu asebekulindele kimina njengoba ngidlala eqenjini lesizwe."

Ukudlala neMalawi akukaze kube yinto elula, nakuba iProteas ikwazile ukuyinqoba emidlalweni edlule egcine ukuyidlala nayo.

"Akukaze kube lula ukudlala neMalawi ngoba baneqembu elihle futhi badlalisa ngamandla. Okumnandi ukuthi kulokhu sizobe sidlala enkundleni engakhethi muntu, futhi nonompempe abazobe bedlalisa bayayazi into abayenzayo," kusho uMaroun.

● Kwabanye abafundi

## 'Ukubizelwa eqenjini lesizwe okwesibili akuyona into kanoma ngubani'

abaklonyelisiwe eDUT kubalwa oFezeka Gambushe, Shane Victor bobabili abebeseqenjni le-All Africa Games. UVictor uklonyeliswe ngoweSports Star of the Year.

Omunye umfundi ophinde asebenze kusona isikhungo, ophinde wahlabana futhi naye kube nguThubalethu Phaku.

UPhaku ubemele elakuleli emqhudelwaneni weHalf Marathon eSwaziland kwezokusubatha nalapho aphuma khona endaweni yesikhombisa.

Kulo mncintiswano le nsizwa iklonyeliswe ngoweSports Man of the Year.

Ngokusho kukaPhaku, bekungekhona okukuqala ehlabana.

"Ngijabule kakhulu ngale ndondo engiyitholile.

Akukhona okukuqala njengoba kukhona unyaka lapho engaba khona yiSport Star, lokhu kusho ukuthi umsebenzi wami uyabonakala kulesi sikhungo," kusho uPhaku.

Omunye umdlali ohlabane ngendondo kube nguPuseletso Dladla ogijima ibanga lika-10 000km.

NgoJulayi uPuseletso ubemele elakuleli emqhudelwaneni weSouthern Region eMozambique okokuqala kanti wakwazi ukuthi athole indawo yesithathu.